# Amaqembu awasayingeni eyamakhehla


KHETHA SANGWENI



OPHETHE ezeziMali kuzwelonke uMnuz Malusi Gigaba Isithombe : SIGCINIWE



uMnuz Sihle Zikalala ophethe ezokuThuthukiswa koMnotho nezokuVakasha KwaZulu-Natal



OPHETHE ezeMfundo kwaZulu-Natal uMnuz Mthandeni Dlungwane Isithombe :SIGCINIWE



UNGQONGQOSHE wamaPhoyisa uFikile Mbalula

KUBUKEKA sengathi siphelile isikhathi 'samakhehla nezaguga' uma kubhekwa abantu abajutshwa ezikhundleni zikahulumeni eziphezulu ikakhulukazi kwiKhabhinethi nakwiShishayamthetho. Phambilini bekuvame ukubonakala amadoda nabesifazane asebengwevu kuba yibona abaqhoqhobala izikhundla. Yize kunjalo kodwa kukhona ababona sengathi laba abafakwayo kunezinhloso ezithile zepolitiki ngokubafaka. Selokhu kwangena uhulumeni obusa ngentando yabantu ngo-1994, omengameli abehlukene bebebophela izingwevu. Muuva nje kushintshile njengoba kungenisa intsha kancane ezikhundleni ezithathwa njengezimqoka nezibhekwe ngabomvu.

Uma sibheka ushintsho lwakamuva lweKhabhinethi olwenziwe uMengameli uJacob Zuma olube ngundabamlonyeni, kuyacaca ukuthi sekuyisikhathi sentsha.

Kwaxoshwa uMnuz Pravin Gordahn obephethe ezeziMali kwafakwa uMnuz Malusi Gigaba obephethe uMnyango wezaseKhaya. Kwakhishwa uMnuz Nathi Nhleko kwezamaPhoyisa kwafakwa uMnuz Fikile Mbalula nobonakala engesabi ukuthatha izinqumo ezinzima.

Izikhundla zezeziMali nezamaPhoyisa zithathwa njengezibalulekile nezibucayi kakhulu ezweni, kodwa uZuma waba nesibindi sokujuba abaholi abasebancane kuzo.Kwahlukana imibono ngalolu shintsho abanye beluncoma bethi bayethemba kuzoba noshintsho ngoba intsha abantu abanomfutho, abanye bethi sekuzoba kwampunz' edl' emini uma kugqishwa injejane. Emuva kwalolu shintsho uZuma walibeka ngembaba elokuthi inhloso yakhe ukunika intsha ithuba lokuphatha ukuze ibe ikhuliswa ngoba yiyona abaholi bakusasa.

Nabo laba baholi abasebasha abachithanga sikhathi uma bengena ezikhundleni zabo bafingqa imikhono bangena, baqala ngegiya eliphezulu bekhombisa omkhulu umfutho.

Uma ulalele uGigaba ekhuluma kuba sengathi umkhakha weziMali uwazi kudala kanti uyafika kuwona, kodwa ulwimi lwakhona uselukhipha ngamakhala. Kanjalo noMbalula emaphoyiseni ufike nomshanelo omkhulu ezoshanela indlu ebibukeka inamabibi amaningi. Lokhu kungenisa kwentsha ezikhundleni kuphinde kufakazelwa ushintsho olwenziwe KwaZulu-Natal, emuva kwengqungquthela eyayikhetha ubuholi, nayo eyasusa omkhulu umsindo.

Le ngqungquthela yayibanjwe eMgungundlovu ngoNovemba 2015 lapho okwakhethwa khona uMnuz Sihle Zikalala njengoSihlalo omusha we-ANC KwaZulu-Natal, ehlula uMnuz Senzo Mchunu.

Emuva kwalokho kwaxoshwa ongqongqoshe abaningi kwafakwa abasebancane, phakathi kwabo kubalwa uMnuz Mthandeni Dlungwana ophethe ezeMfundo.

UZikalala uphethe ezokuThuthukiswa koMnotho nezokuVakasha, uMnuz Mxolisi Kaunda wanikwa esokuphatha ezokuThutha, ukuPhepha nokuXhunyaniswa koMphakathi. Zonke lezi zinguquko ziyabonakala ukuthi kuhloswe ngazo ukufaka intsha ezikhundleni njengabantu ababonakala besenomfutho.

Nakhona KwaZulu-Natal kwenzeke esifanayo ongqongqoshe bakhona bafike nomfutho wokungalali ubusuku nemini begijima isifundazwe sonke benza umsebenzi wabo.

Lapho kwenzeke khona izigameko ezithinta iminyango yabo bafika qathatha bazibambele mathupha bezama ukusombulula lowo monakalo.

## Okushiwo ngabahlaziyi abehlukene bezepolitiki abazimele

**UMHLAZIYI** wezepolitiki ozimele kwaZulu-Natal uMnuz Thabani Khumalo uthe impela ingenisile ezikhundleni kodwa kudlalwa ipolitiki yokufeza izinhloso zabaholi abathize. Uthe akukho intsha eza nakho okusha, kodwa izodansela isigingci sabantu abadala. Uthe intsha ayifakwa ezikhundleni ngoba izilungele kodwa ifakelwa ukuthi igqishe ohlangothini oluthize ukuze kuqhutshwe ipolitiki.

"Uphiko lwentsha lwalusungulwe ngo-1949 ngenhloso yokuthi lumele uguquko luqhamuke namaqhinga amasha kodwa lokho sekushintshile. Njengamanje abaholi abasha sebesetshenziselwa izizathu zezepolitiki. Sebevuma ngamakhanda kulokho okushiwo abaholi abadala," kusho uKhumalo. Uthe lesi sinqumo sokufolosa ngentsha ngeke sisize ngalutho kodwa sizosiza labo abafuna ukufeza izinhloso zezepolitiki.

Omunye umhlaziyi wezepolitiki ozimele uSolwazi Bheki Mngomezulu uthe kuwumqondo omuhle ukujuba intsha kulezi zikhundla eziphezulu ngoba vele iyikusasa. Uthe sekuyiskhathi sayo manje ngoba inamasu nomfutho wokwenza izinto zenzeke.

Wathi kufanele izizwe iyingxenye yeqembu elibusayo nohulumeni, izibone inezwi nayo ekuphathweni kwezwe.

"Amanye amaqembu afana ne-EFF ne-DA basebenzisa intsha ezikhundleni zobuholi bakhombisa ukuyethemba. Ngibona sengathi neqembu elibusayo lisika iphethini kuwona la maqembu ngoba uma bengakwenzi lokho kunengozi yokuthi intsha ingafuduka iye lapho ithenjwa khona," kusho uMngomezulu.

Uthe bonke ongqongqoshe abafakwe ezikhundleni bakulungele lokho futhi ukhakhayi lwabo luqinile.

Ulinganise nangeqembu le-IFP KwaZulu-Natal elike laphakamisa ukuthi lifuna intsha ibe ngu-40% ezikhundleni eziphezulu ukuze ibe neqhaza ezinqumeni zeqembu ezithathwayo.

Omunye umhlaziyi uMnuz Zakhele Shamase uthe njengoba abantu bakuleli u-51% wakhona kuyintsha nje, kubalulekile ukuthi ibe nezwi ezintweni zezwe wathi kufanele siphele isikhathi sabantu abafika ephalamende bahuqe ubuthongo.

Uthe intsha makufoloswe ngayo ukuze kuhanjiswane nesikhathi samanje.

"Kunabantu abadala abaziwayo ukuthi basuke beyozilalela ephalamende, le nto yokufaka intsha izoqeda labo bantu abanjalo ngoba kungena abantu abanomfutho abasheshayo," kusho uShamase. Uthe iqembu le-EFF liyisibonelo esihle ngokwethembela kubantu abasha njengoba liholwa yibo bodwa.

"Ukufolosa ngentsha yikho okusize i-EFF njengoba ithole ukwesekwa okungaka ngoba intsha ibona ontanga yabo bengabaholi yavota ngobuningi ngoba kukhulunywa ulwimi eluzwayo. Futhi intsha isenemiqondo eshehsayo eyazi yonke into eyenzekayo emhlabeni," kusho uShamase.

Uthe kodwa akufanele kuvelwe kufakwe noma ngubani kodwa kufanele kukhethwe abantu abakhaliphile, babacije kahle bethole ukwesekwa ukuze bahole ngokuyikhona. Uthe nemfundo ibalulekile nokuqonda kabanzi ngezepolitiki nezomnotho.

Uqhube wathi into elimaza amaqembu afana ne-IFP namanye ukuthi asabambelele kubantu abadala abasadla ngoludala abasakholelwa ezintweni zakudala ekubeni umhlaba uyashintsha. Wathi njengoba intsha ithanda izinkundla zokuxhumana, yilapho ethola khona ulwazi ngempilo yesimanje yasemhlabeni jikelele.

PRINTED FROM PRESSREADER
NOT FOR SALE
PERSONAL COPY